

## **USARS UYASEMUKELA ISIMEMEZELO SE-MTBPS YEMALI ENGENAYO**

Pretoria, ngoLwesine mhla zi-11 kuLwezi 2021 – uPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) luyakwemukela ukuzinikela okungangabazeki okwensiwe uNgqongqoshe weziMali, uMnu Enoch Godongwana, ekuzinziseni izimali, okuzokwenza ukukhula kwesikhathi eside ngokunciphisa ukwentuleka kwesabelomali kanye nokuzinzisa isikweletu, ngesikhathi ethula iSitatinende SenquBomgomo Yesabelomali Samaphakathi Nonyaka (i-MTBPS) ePhalamende namuhla.

UNgqongqoshe wengeze ngokuthi ukukhula ngamandla komnotho kuzonika izwe ithuba lokuqoqa imali eningi, okuzokwenza kube lula ukuphendula ezingqinambeni izwe elibhekene nazo.

Izinkomba zomnotho ongenayo wakuleli nowomhlaba wonke zikhomba ukuthi umnotho wenza kangacono emva kokuthi wehle ngamandla eznyangeni ezedlule. Lokhu kwenzeka nje yilokhu kuqhube ka kokuphazamiseka kochungechunge oluphakelayo kanjalo neziqubu zokhuvethi i-COVID-19. Ngokombiko wangoMfumfu we-*World Economic Outlook* (WEO) ovela ku-*International Monetary Policy* (IMF), umnotho womhlaba wonke kulindeleke ukuba ukhule ngo-5.9% ngonyama yowezi-2021 kanti kowezi-2022 uzokhula ngo-4.9%, okungaphansi ngephesenti elingu-0.1 kowezi-2021 uma kuqhathaniswa nokuqagula kwangoNtulikazi.

Kuleli, i-GDP yaseNingizimu Afrika ikhule ngo-1.2% kukota yesibili kowezi-2021, ingaphezulu kwesibalo (esibukeziwe) sika-1.0% kukota yokuqala. Kulindeleke ukuthi umnotho wenze kangcono eminyakeni ezayo njengoba ezomnotho zivulwa kancane kancane, amazinga okukhiqiza aya ngokuqina, kanti nesidingo sokuhweba nokusetshenziswa kwezinto siyanyuka. IHhovisi likaZwelonke loMgcinimafa selibukeze ukukhula okulindelekile kwe-GDP yaseNingizimu Afrika yonyakamali yowezi-2021/22 kwaya phezulu ku-10.9%, uma kuqhathaniswa no-8.8% weSabelomali sangoNhlanja kowezi-2021. Lokhu kuveza ukukhula okubonakalayo kusuka ekuncipheni kuka -2.1% kowezi-2020/21.

Kunyakamali wezi-2021/22 intela eqoqwayo kulindeleke ukuthi ikhule unyaka nonyaka ngo-18.9% kusuka ekuqagulweni kwasekuqaleni kokukhula ngo-9.2%. Lokhu kuveza ukuqoqwa kwentela okukhula ngamandla kunomnotho, uSARS usaqhube ka nokugxila ekusebenzeni ngempumelelo nokuthuthukisa ukuthobela kwabakhokhintela ukuze uqinise amandla okuqoqwa kwentela.

Ukuqoqwa kwentela kulokhu kuhamba kahle kungaphezulu kwesilinganiso esasibekwe kuSabelomali sangoNhlanja wezi-2021. Lokhu kungenxa yokuthuthuka komnotho, imiphumela yokwazisa kwentela okwenzeke ngenxa yokuthobela kwesikhathi esedlule kanjalo nemizamo ethuthukisiwe yokuqoqa intela eyenziwe uSARS. Ngalokho-ke, uNgqongqoshe usenyusile isilinganiso semali engenayo sasuka ku-R1 365.1 billion saya ku-R1 485.4 billion – ukwenyuka ngo-R120.3 billion ngoba kulindeleke ukuthi senze kangcono ekuqoqweni kwemali engenayo.

Phakathi kokunye, lokhu kubukezwa kwesilinganiso kungenxa yokwenza ngcono ekuqoqweni kwemali engenayo yonyaka kuze cube manje. Kuze cube mhla zingama-30 kuMandulo 2021, uSARS uqoqe R720.1 billion, nensali yonyaka kuze cube manje engu-R79.1 billion (12.3%) uma kuqhathaniswa neSilinganiso sesabelomali sangoNhlanja wezi2021. Ukukhula konyaka nonyaka ngesikhathi sonyaka cube ngu-R201.5 billion (38.9%).

Zonke izinhlobo zentela ngaphandle kweNtelo Yempahla engeniswa ezweni kanye neziNtelo Ezithile konyaka kuze cube manje zibe nensali uma kubhekwa isilinganiso esasibekiwe. Igalelo izintelo ezinkulu ezibe nalo kule nsali lime kanje uma kubhekwa ukusebenza kwazo kuqhathaniswa neSilinganiso Sesabelomali sangoNhlanja wezi-2021: PIT Net (6.3%), CIT Net (51.8%) kanye ne-Net VAT (0.1%). USARS uvumele ukuhlehlisa kwezinye izintela ngenxa yokhuvetha kuziNtelo Ezithile nokuholele ekungasebenzini kahle kulesi sikhathi, phezu kwalokho izimpahla ezingeniswa ezweni kuthe ukuncipha nokuholele ekungenzini kahle ekuqoqweni kwezintelo ekulawulweni kwempahla emngceleni.

USARS uqoqe u-R87.0 billion emisebenzini ehlonzekayo yokuthobela ngesiknhathi sengxene yokuqala yalo nyaka. Kuleli nani, u-R53.5 billion waqoqwa emalini engukheshi kanti u-R33.5 billion watholakala ngezinhlelo zokuvimbela kokukhwabanisa kanti enye yaqoqwa ekuvikelweni kokulahlekelwa. Lo msebenzi uzoqina njengoba uSARS uqhubeka nokwenza ngcono izinqubo futhi uzinzisa ukusebenza kwawo ngempumelelo ukuze ukwazi ukhlangabezana nesilinganiso semali engenayo ebukeziwe.

Imali engenile engxenyeni yokuqala yonyaka iveza ukusimama komnotho okucishe kufane nokwezikhathi ezingaphambi kokhuvetha COVID-19. Kodwa-ke, kukhona ubungozi obuvelayo obudinga ukusingathwa ngendlela kulesi sikhathi sonyaka esisele, kubandakanya: 1) ukutholakala kwamandla okuukubhekana nokucimakonga, 2) ukuqubuka kwezinye iziqubu zokhuvetha kuleli nasemhlabeni wonke, 3) izinguuko ezinkulu ekufunweni kwensimbi ne-PGM (kubandakanya ukubhekwa kwenani lemalihwebelano kanye nentengo yezimbiwa) kanye 4) nokuhanjiswa kochungechunge lokusebenzisana.

USARS uzoqhubeka nohambo lokwakha isikhungo esi-SMART, sakamuva esinesithunzi esihloniphekile nesiysisibonelo esihle. Ngokwenza ngcono izinqubo zawo ukuqinisekisa ukuqoqwa kwemali okuyimpumelelo. Sitshala imali kuzinsiza zokwenza izinhlelo zethu kube ezesimanje okuzokhulisa ukukhona kwethu ngokusebenzisa ubuchwepheshe, ukuhlolwa kwemininingo kanjalo nobunhloli bobuchwepheshe kanjalo nokusetshenziswa kokufunda ngemishini. Sikholela ukuthi lezi zinyathelo zizosiza ekuhlonzeni nasekubhekeleni ukungathobel. USARS ulokhu uzibophezele kulokhu okuhlosile okungukuzithobelela ngokuzikhethela.

Kulindeleke ukuthi izinga lokukhula kwemali engenayo lizolidlula izinga lokukhula komnotho ezinyangeni ezizayo eziyi-18. Ngakho-ke, kuzobe sekuholela ku-24.1% wentela iqhathaniswa ne-GDP konyaka wezi-2021/22.

USARS usuxhumanise ukuhwebelana okungaphezulu kuka-R2.6 trillion nabahwebi esisebenzisana nabo kulo nyaka owedlule. Ngenxa yalokho, ukuze sithuthukise ukuxhumana, kuzodingeka ukuthi sigxilise kakhulu ezimali ukuze zisilekelele sivuselele ingqalasizinda yethu entengayo emingceleni yethu siphinde sitshale imali kungqlasizinda yethu ye-ICT ukuze senze imingcele yesimanje eHhovisi lethu Elilawula Impahla Emngceleni.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe: "Sinethemba lokuthi sizokwazi ukuhlangabezana nesilinganiso semali eqoqwayo esisha esibekiwe. USARS uzinikele ekufezeni umyalelo wawo, okuwukuqoqa yonke imali engenayo okumele yakhe umbuso okhonayo osiza iNingizimu Afrika. Lokhu kuhambisana nokuSebenza ngokobizo okwensiwa nguSARS."

"Ngeke kube lula ukufeza umyalelo wakwaSARS ngaphandle kokuthobela kwabakhokhinta, abahwebi, abaxhumanisi kanye nabanye ababambiqhaza abakhethekile, abagcwalisa izibopho zabo ngokomthetho benze okufanele. Ngifisa ukubabonga bonke ngokuthobela imigomo yentela. Okuqhukayalo nokukhathaza ukuthi kusekhona abakhokhinta nabahwebi abasaqhube ka nokukhetha ukungathobeli imigomo yentela. Ngicela bonke laba bakhokhinta, abahwebi kanye nabaxhumanisi ukuba bathobele umthetho bahlangabezane nezibopho zabo ngokomthetho ukuze balekelele ekwakhiweni kwezwe lethu elilinyazwe wubhubhane lokhuvethe kanye nezimo zomnotho emhlabeni wonke" kuphetha uKhomishana.

#Izindaba zakho zentela zibalulekile! #YourTaxMatters!

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)